# ABAKWA-SARS BAZOSIZA ABANTU ABANEZINKINGA ZOKUZWA

**PRETORIA, ngoMsombuluko mhla zi-2 kuMandulo 2019 –** Ekugubheni iNyanga yokuQwashisa ngeziThulu (uMandulo), abakwa-SARS bazosebenzisana nezinhlangano nomasipala abehlukene abeseka abantu abanezinkinga zokuzwa eNingizimu Afrika, ngenhloso yokubasiza ngezindaba zabo zentela emagatsheni athile akwa-SARS ezweni.

Lesi sinyathelo sibandakanya ukubanjwa komhlangano wokucobelelana ngolwazi ngezentela ozokwenziwa kanye kuphela lapho kuzoba khona usizo lokutolika loLimi Lwezandla lwaseNingizimu Afrika (SASL) oluzoba khona njalo ngoLwesihlanu kule nyanga emagatsheni athile akwa-SARS ezweni.

Lokhu kungenelela kwenzelwe ukubhekana nobunzima abahlangabezana nabo labo abasebenzisa uLimi Lwezandla abanenselelo yokungakwazi ukuthola usizo oluyisisekelo ezweni. Okuphokophelwe ngalokhu ukuhambisana nokuphokophelwe abakwa-SARS kulesi sikhathi sentela, okuwukushintshela abakhokhintela, kubandakanya abantu abanezinkinga zokuzwa nokubona, kuzithangami zedijithali.

Kucelwa umphakathi ukuba usabalalise lo myalezo kubo bonke abantu abanezinkinga zokuzwa emiphakathini yabo, nokuthi uphinde uqaphele ukuthi lolu sizo luzodluliselwa nakwamanye amalungu omphakathi azodinga usizo ngokushintshela ku-eFiling nokusebenzisa i-SARS MobiApp.

Abakwa-SARS basazibophezele ekufundiseni ukuze kuthuthukiswe ukuthobela nokutholakala kosizo ngezindaba zentela kubakhokhintela abanezinkinga zokuzwa nokubona.

Ukuze ubone isheduli eneminininingwane ephelele, cofa lapha.